IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Ibutho lika-Gideyoni eLincane

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair Paterson

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Emva
kokushona
kukaJoshuwa,
wonke ama-
Israyeli ayeka
ukulalela
uNkulunkulu
futhi bamukhipha
ezimpilweni zabo.

UNkulunkulu wadedela ama-Midiyani ukuba ashise izitshalo kanye nezindlu zama-Israyeli.
Ama-Israyeli aphoqeleka ukuba aphile emugedeni.

Um-Israyeli oyedwa,
uGideyoni, wayenendawo
eyimfihlo yokutshala
ukolo. Wehlukanisa
izinhlamvu
ngomshini
wewayini ofihlakele,
ngaphansi
kwesihlala
esikhulu.


Ama-Midiyani ayengayazi
lendawo-kodwa
uNkulunkulu wayeyazi.
UNkulunkulu
wathumela
umyalezo
kuGideyoni
ngeNgelosi.

UNkulunkulu wayefuna uGideyoni ukuba abhubhise isithunzi sikababawakhe sonkulunkulu wamanga bese akhe ilathi likaNkulunkulu weqiniso. Yize noma uGideyoni wayesaba ukuba abantu belizwe lakhe babezomubulala, wenza njengoba eyalelwe uNkulunkulu.



UNkulunkulu futhi wayefuna uGideyoni ukuba ahole ibutho lama-Israyeli ukuze limelele ama-Midiyani akhohlakele. Kodwa uGideyoni wayesaba.



Wacela ukuba uNkulunkulu azibonakalise ngophawu olukhethekile ukuba unaye. Wabeka isikhumba semvu esinoboya phansi.



"Uma kukhona amazolo eboyeni bodwa komile emhlabathini wonke,"
Kuthandaza uGideyoni,
"ngiyokwazi ukuthi uzakusindisa u-Israyeli ngesandla sami,...



…njengokusho kwakho.”
Ekuseni, umhlabathi wawomile,
kodwa UBOYA BABUMANZI TE!

UGideyoni wayenokungabaza.
Wayesefuna uNkulunkulu alethe
amazolo emhlabathini kodwa
ayi kuboya. Ekuseni obulandelayo
– umhlabathi
wawuswakeme kodwa
UBOYA
BOMILE!

UGideyoni waqala ngebutho elingu-32,000. UNkulunkulu wabehlisa baba amakhulu amathathu kuphela. UNkulunkulu wayengafuni i-Israyeli ithi "Ngizinqobele ngesandla sami." UNkulunkulu kuphela umsindisi wama-Israyeli.



Ngokwazi ukuthi uGideyoni usanovalo, uNkulunkulu wamuzwisa ngokwemfihlo ingxoxo yamasosha yama-Midiyani etshelana ngephupho elingavamile.



Ephushweni, isinkwa esiphelele sagingqikela etendeni lama-Midiyani labhubha.



Unogada omunye wathuka. “Lokhu kuyi … kuyi nkemba kaGideyoni…” esho ekhala. Wathi ezwa leliphupho kanye nencazelo lalo, wazi ukuthi uNkulunkulu wayezomunqobisa.

UGideyoni wahlela ukuhlasela ebusuku. Wanikela wonke amasosha ebutho lakhe imibhobho, Kanye nojeke abanezibani phakathi. Balingunga ibutho lama-Midiyani.



Ngokusho kukaGideyoni, amasosha ashaya icilongo, abulala ojeke bese bakhanyisa izibani. Umsindo! Ukudideka! Ama-Midiyani athuka abaleka.

Emva kwalokunqoba okukhulu, amadoda ase-Israyeli Acela uGideyoni ukuba ababuse. “Angeke nginibuse.



iNkosi ezonibusa," Kuphendula uGideyoni. Weyazi ukuthi uNkulunkulu kuphela onelungelo lokubusa izimpilo zabantu.



Ibutho lika-Gideyoni eLincane

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

AbaHluleli 6-8

“Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa.” AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16